# UMnqobi Onamandla

Asibe silokhu simile umzuzwana nje sisakhuleka.

2 Nkulunkulu wethu onomusa, siyabonga kulobubusuku ngesikhathi nenhlanhla yokuhlangana ndawonye futhi ukukhonza Wena. Asazi ukuthi lobubusuku buzosho ukuthini kithi, kodwa sithembele emseni waKho ukusihlinzeka konke esikudingayo. SizoKucela ukuba ube nomusa kulabo abadinga kakhulu insindiso kulobubusuku, kwangathi bangeza kulowoMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithanjeni ka-Emanuweli. Kwangathi abagulayo nabahluphekile bangafika, futhi, emanzini okuphulukisa, beshiya izinduku zabo zokuqhugela, nezinhlaka zabo, nokugula kwabo, nezifo zabo echibini kulobubusuku; zamazamisa amanzi, Nkosi, futhi uphe abantu baKho umusa ukuba bakholwe iZwi laKho noBukhona baKho.

3 Futhi lapho sesihamba kulobubusuku, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu, iNdodana yaKho. Amen.

4 Ningahlala phansi. Abafana manje banamateyipu, futhi lobu kuzoba ubusuku bokugcina abazokwazi ukuwathengisa ngabo. Noma yini ezothengiswa izofanele iqedwe kulobubusuku, ngoba asithengisi ngeSonto. Senza nje...Bengihlala njalo ngenza lokho kube ngumgomo ukuthi besingeke sathengisa ngeSonto. Onke amateyipu, banemilayezo ethile engamakhulu amahlanu kusukela ngezinye izikhathi lapho sasingashile iphimbo emigqeni emikhulu yokuphulukisa, uMnu. Mercier unawo emuva lapho esitendeni noma ngabe kukuphi, ngithe "emuva lapho," ngaphambili, ungawathola.

5 Bawathengisa ngokushibhile ngempela. Nga-oda iteyipu lapha esikhathini esithile esedlule kumvangeli, yayibiza cishe amadola ayisishiyagalolunye, abafana bathengisa awabo, ngicabanga ukuthi ngamathathu. Futhi nje abakwenzi cishe okwanele ukuthi bangahlala ngaphandle enkonzweni kanye nami.

6 LoMnu. Mercier noMnu. Goad, omunye wabo wayeyiKatolika, nomunye angimazi; angikholwa ukuthi ubungowanoma yiliphi ibandla, Gene. Futhi bazibumbela iFBI encane ukuba behle futhi bathole ukuthi ngabe leyomibono yenzeka ekhaya noma qha. Ubona kuphela uhlangothi olulodwa, ubona uhlangothi oluncane lwakho lapha, kusekhaya lapho imibono yangempela yenzeka. Yilokhu okwenzayo lapha ngokukholwa kwakho uqobo, ekhaya yilokho uNkulunkulu

akwenzayo, noma phandle ndawondawo lapho sisodwa, noma siphumile sidoba, noma ndawondawo lapho sinesikhathi esincane sokuzilibazisa.

7 Sinezincwadi, kodwa angizange ngibhale neyodwa, kodwa uMnu. Lindsay uyazibhala, noma wayibhala, njalo, noMnu. Stadsklev wabhala enye, kodwa siphelelwe nya yikho kokubili; sizothola okunye futhi masinya.

8 Manje, kusasa yisabatha, futhi kukhona abefundisi abakahle lapha abakholelwa kuloluhlobo lwenkonzo, bayaxhasa, bebambisana kulomhlangano, futhi bayojabula kakhulu ukuba nani emabandleni abo, futhi ngisho ukuthi bengiyothanda ukuthi wethamele amanye alamabandla amahle kusasa uma lapha uvakashile. Ngineqiniso nizoba nokwemukelwa okufudumele, mhlampe sebevele bakunakekele lokhu.

9 Bese kuthi-ke kusasa ntambama kuzoba nenye inkonzo lapha ligamenxe elesibili; bese kuthi-ke kusasa ebusuku, inkonzo yokuvala ligamenxe elesikhombisa. Siyojabula ukukubona futhi ngalezozikhathi, sethemba futhi sikholwa ukuthi kusasa ebusuku, njengoba njalo, ubusuku obukhulu kunabo bonke bokuphulukiswa. Ngokuba kuhlale kuyi, lokho kulindela okukhulu kokulinda, kuphakathi kokuthi kungena manje, noma qha.

10 Lokho ngokuvamile kuhlela . . . Ngezinye izikhathi ngokwejwayelekile ngokuphindwe kamashumi amabili ngaphezulu uyaphulukiswa ngobusuku bokugcina, ngoba bavele bakha base bebhekisisa base belinda, base-ke bebeka okwabo . . . basebenzise ukukholwa kwabo. Manje, uma ibandla lakho linenkonzo kusasa ebusuku, uyagula, cela umelusi wakho nje, ngineqiniso ukuthi uzokukhulula ukuba uze uma ungangeni emgqeni, noma ukhulekelwe kulobubusuku.

11 Uma kukhona noma yikuphi ukudunyiswa ukuba kunikezwe umndeni wakwaBranham, ngumkami, nguye omi phakathi kwami nomphakathi. Ngehlile futhi ngamthola namhlanje. Bengicabanga ukuthi benginamahloni, uyangedlula.

12 Bengikhuluma naye, engikushilo kini izolo kusihlwa ukuthi emva kokuzalwa ngo 1909, bengiyoba cishe namashumi amabili-nanhlanu, kodwa ngikholwa ukuthi ngifanele ngenze lokho amashumi amabili nesikhombisa, ngoba kade ngishumayela iminyaka engamashumi amabili nesikhombisa, futhi yonke eminye ayibalwanga, empeleni, leyo nje engiyishumayelile futhi ngakhonza iNkosi.

13 Ngithe kumkami, "S'thandwa, ungakhuphukela emsamo na?"

Wathi, "Bengiyoquleka."

14 Kodwa ngizomcela ukuba nje asukume umzuzwana nje, futhi nginazise owesifazane onomoya omuhle kunabo

bonke ezweni, umkami, uNkk. Branham. [Ibandla lishaya ihlombe—Umhl.] Ngiyabonga. Unamahloni ngempela. Ngizozwa ngalokhu kamuva.

15 UMfowethu Vayle wathi, "Ngifuna ukukubizela emsamo, Dadewethu Branham."

Wathi wayesaba ngisho nokuza emhlanganweni, esaba ukuthi wayezokwenza, ngakho walinda ukuba eze nami.

16 Manje, kulobubusuku sifuna ukufunda okunye emiBhalweni, kweNcwadi yeSambulo isahluko 6, futhi si... okwendikimba nje. Ngifuna ukufunda amavesi amabili okuqala:

> *Ngase ngibona* futhi bheka i*Wundlu lavula olunye lwezimpawu, futhi ngezwa,* iphimbo elinjengo*mdumo,* ne*sinye sezidalwa ezine* sathi, *Woza ubone.*
>
> *Ngase ngibona, bheka nanto ihashi elimhlophe: nohlezi* phezu kwalo wanikwa *umnsalo; nomqhele...: waphuma engonqobayo, nokuyakunqoba.*

17 Futhi ngifisa ukuthatha indaba imizuzwana embalwa nje ngokuthi: *UMnqobi Onamandla.*

18 Cishe eminyakeni emithathu edlule uBilly nami sehla eLisbon, ePortugal, futhi senyukela ekamelweni elidala lokuphakela izigqila. Futhi okunye kokubhaliwe kwakungesiNgisi esasingakuqonda. Ngakho, sibonile lapho lapho elinye iqhawe elikhulu, angikwazanga ukubiza igama lalo ngalesisikhathi elikuthathile, kwase kuthi-ke emva kokuba amaTurkey esebe nakho iminyaka eminingana, kwase-ke kufika umSpanishi, nelinye iqhawe langena, lakuthatha nalo lonke udumo.

19 Amaqhawe nabanqobi, amaqhawe nabanqobi, bekusezansi onyakeni. Futhi oyedwa...Igama u*mnqobi* lisho ukuthi, "lowo onqobile." Yigama elikhulu, futhi yi—yigama elidumile.

20 Futhi esikhathini esithize esedlule ngangimi lapho uConstantine wayesendleleni yakhe eya eRoma, futhi wakhathazeka ngalempi eyayikhuphuka. Futhi amanye amasosha akhe, kusobala, ayengamaKristu, namaKristu onke ayeboshelwe phansi ngaphansi koMbuso wamaRoma. Futhi ngalobobusuku esalele, iNkosi kufanele ukuthi yabonakala kuye, futhi waphupha ukuthi wabona isiphambano esimhlophe, nePhimbo lakhuluma kuye lase lithi, "Ngalokhu uyakunqoba."

21 Ngenkathi ngiqala ukufunda lokho, kwavele kwaxhuxhumisa umphefumulo wami: "Ngalokhu uyakunqoba." Futhi wavusa onke amasosha akhe ngeleshumi nambili nqo ebusuku, futhi wawenza ukuba apende iziphambano ezimhlophe ezihlangwini zawo, ngokuba kwakungesiphambano ababezonqoba ngaso, futhi bakwenza.

22 Kwase kuthi-ke cishe eminyakeni emithathu edlule, kwakuyinhlanhla yami ukuba seBelgium, ngangimile lapho

isikhashana eBrussels, kungekude nje neWaterloo, futhi lapho ngacosha incwadi encane, futhi ngangifunda ngoNapoleon, ngokuthi wayeyiqhawe elikhulu kangakanani. Futhi ngempela wayengesuye umFulentshi, wadelela umFulentshi kwasekuqaleni, kodwa uza ukuba aziphindiselele kubo, bese-ke eba yisosha elikhulu nomnqobi.

23 Futhi amamayela ambalwa nje ukusuka lapho engangimi khona kwakuyingxenye yensalela endala. Futhi ngafunda ngempilo yakhe, ukuthi wayelangazelela kanjani futhi wafisa ukwenza into ethize enkulu. Futhi wahamba ngezibonakaliso zenyanga nezinkanyezi. Futhi ngenkathi eseyinsizwa, wayengumenqabeli. Futhi eneminyaka engamashumi amathathu nantathu wayenqobe izwe, futhi ngoba kwakungasekho kuye ukuba akunqobe, wahlala phansi wakhala izinyembezi, akekho omunye ukuba ambhaxabule, wayesevele elibhaxabulile izwe.

24 Futhi wayenqobe abantu kwaze kwathi ubungabiza ngisho igama lakhe nabantu bebeyoquleka. Wayesatshwa kakhulu, kwaze kwathi lapho omama babezolalisa izingane zabo embhedeni ebusuku, esikhundleni sokuthi, “Uma ungaziphathi kahle, indoda endala esabisayo izokuthola,” bebeyothi, “Uma ungaziphathi kahle, uNapoleon uzokuthola.” Zaziyogwacisa amakhanda azo amancane ngaphansi kwesembozo ngokukhulu ukushesha. Wayefuna wonke umuntu amesabe, kodwa okunjengalokho nokwesaba akusoze kwanqoba into efanele.

25 Ngicabanga ngeqhawe elikhulu okuvame ukukhohlwakala ngalo kakhulu kumfundi wethu. Abaningi benu besilisa nabesifazane abathi ababe ontanga yami bazokwazi ukulikhumbula; kwenzeka eSwitzerland eminyakeni eminingi edlule. ISwitzerland kwakungamanye amaJalimane enyukela lapho ezintabeni, ayengafuni-mpi, avele enyuka ukuba abe ngabantu abathanda ukuthula; futhi asengabantu abathanda ukuthula.

26 Futhi ngoluny’usuku ngenkathi abafokazi bengena, futhi babezothatha izwe lawo kuwo, amaSwiss ashiya ikhaya lawo futhi ehlela esigodini ukuyohlangana nempi yawo ezayo. Futhi, o, kufanele ukuthi kwakungukubona okukodwa okudabukisayo ngalolosuku ukubona idlanzana lamaSwiss amancane ecindezelwe entabeni, nezagila, nezinduku, na—namadwala, namasikela amadala ukulwa ngakho.

27 Futhi beza ukuzohlangana nawo, kufika ibutho elikhulu kakhulu ukuthi laliqeqeshwe ngokuphelele kakhulu, kwaze kwathi kwabukeka njengezitini odongeni, wonke umuntu embozwe ngokugcwele ngezikhali, emikhulu, emide, imikhonto elolongiwe phambi kwabo, wonke umuntu ngokuphelele esesinyathelweni.

28 Futhi nakhu kumi amaSwiss amancane engazi ukuthi enzeni. Futhi, ekugcineni, kwakukhona umfo osemncane owaphuma ogama lingu-Arnold von Winkelried, futhi wathi, "Madoda aseSwitzerland, namuhla ngizonikela ngempilo yami ngenxa yesizwe sakithi." Wathi, "Kulokhu ukusa ngale ngapheshheya kwentaba, ngange ngavalelisa umkami nabantwana bami abathathu abancane okokugcina, angisophinde ngibabone futhi." Futhi wathi, "Ngifuna nonke nibabheke, kodwa namuhla ngifanele nginikele impilo yami ngenxa yeSwitzerland."

Bathi, "Arnold von Winkelried, uzokwenzenjani na?"

Wathi, "Ngilandeleni nje futhi nilwe ngakho konke eninakho!"

29 Futhi waqalaza waze wathola indawana ejule kakhulu yemikhonto, futhi waphakamisela izingalo zakhe ngaseZulwini, futhi wamemeza ngalo lonke iphimbo lakhe, "Yenzani indlela yenkululeko!" Wayeseqala ukugijima, wayesememeza futhi, "Yenzani indlela yenkululeko!" Futhi lapho ephuthuma ngasemabuthweni nezandla zakhe ziphakeme, nesifuba sakhe esivulekile emikhontweni, imikhonto engaphezu kwekhulu yafinyelela kuye, wayeseyidumela ngezingalo zakhe wayeseyiphosa esifubeni sakhe, futhi lapho wafa naleyomikhonto esifubeni sakhe.

30 Ukubonakaliswa kobuqhawe okunje pho kobuqhawe kwaxosha abafokazi, futhi baba yizicucu, namaSwiss agijima angena nezagila zawo nezinduku, futhi ashaya amabutho bawakhipha esizweni, futhi abakaze babe nempi kusukela lapho. Kwakungukuzuza kwangempela, ukunqoba kwangempela. Akuvamile ukuthi kuke kuqhathaniseke, futhi akukaze kwedlule, ukuvezwa obala kobuqhawe okunje.

31 Futhi namhlanje lapho umuntu ethanda ukukhuluma ngamaqhawe, nokuthi bathanda kanjani ukukhonza amaqhawe, futhi siyakuthakasela lokho, kodwa, o, mfowethu, alikaze libekhona iQhawe njengeNkosi uJesu!

32 Ngolunye usuku ngenkathi uhlanga luka-Adamu luma ekhoneni, lucindezelwa ngamandla kadeveli, konke ukuhlangana okukhulu kokukhonza imimoya yabangasekho, nazo zonke izinhlobo zezimfundiso ezigqamile kwakunohlanga luka-Adamu ekhoneni, ukugula, izifo, nazo zonke izitha zohlanga lwesintu zazicindezele uhlanga luka-Adamu emuva ekhoneni, kodwa kwakukhona Oyedwa Owakhuluma eZulwini futhi wathi, "Ngehlela emhlabeni ukuzonikela ngempilo yaMi ngenxa yohlanga luka-Adamu."

33 Futhi Weza emhlabeni, futhi Wathola lapho ukujula kwemikhonto okudlula konke kwakukhona khona: ukufa. Lapho Waphuthuma futhi wadumela umkhonto wokufa enhliziyweni yaKhe eyigugu eKalvari. Wanqoba ukufa!

34 Futhi ngenkathi Ebuyela emuva eyongena eNkazimulweni, Wathumela phansi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele ezikhonzini zaKhe, wayesethi, "Thatha lokhu futhi ulwe ngawo onke amandla akho!"

35 O, bazalwane, lokho umuntu ozama ukucosha enye into, asithathe lokho uKristu asithumelele khona futhi silwe ngakho konke okukithi. Asidingi ukuba sibe ngamadoda aqeqeshiwe, asidingi ukuba sibe ngabantu abaqeqeshiwe, sifanele sibe ngabantu abavumayo, uNkulunkulu ufuna izisebenzi ezivumayo.

36 UNapoleon eneminyaka engamashumi amathathu nantathu wayehlale phansi futhi wakhala, futhi wayengohlulwa wuphuzo, ehluliwe, futhi bukani ukuthi umbuso wakhe wayaphi, kodwa uJesu eneminyaka engamashumi amathathu nantathu wayenqobe ukufa, isihogo, nethuna. O, WayenguMnqobi onamandla!

37 Ngenkathi Elapha emhlabeni, ukugula kwabhekana nohlanga luka-Adamu, futhi ngoluny'usuku, masinya emva kokuba inkonzo yaKhe isiqalile, Wafika endlini kaSimoni Petru, nomkhwekazi wakhe wayelele ephethwe yimfiva, Wavele nje wathinta isandla sakhe, noMnqobi onaMandla wayenqobe leyomfiva, futhi yamshiya.

38 Ngolunye usuku iqembu lodeveli lahlangana naYe kumuntu ogama linguLegiyona, futhi ayekade ejwayele ukunqoba wonke umuntu, kwaze kwathi akekho owayengadlula ngisho indlela yawo. Ayephuma, futhi ekhwele kakhulu lendoda empofu, ize ishaye futhi igqabule amaketango kabili, nomthetho wawungeke wenze lutho ngayo. Futhi ngenkathi labodeveli befika kuyo, yayingagqabula ngisho amaketango, ngenxa yokuthi udeveli uyinika lolohlobo lwamandla.

39 Ngiyamangala kulobubusuku, nina enisemibhedeni eyizinhlaka nasezihlalweni ezinamasondo, uma umuntu egcotshwe kakhulu ngudeveli unamandla omuntu akhe aphindwe kathathu noma kane, umuntu ubengenzani egcotshwe ngoMoya oNgcwele na? Besinga . . . ? . . . izihlalo ezinamasondo, futhi sihambele inkazimulo kaNkulunkulu uma ugcobo lukaMoya kaNkulunkulu ophilayo lufika phezu kwakhe.

40 Futhi loLegiyona oyokhwela leyondoda . . .

41 "Uyasho yini-ke, Mfowethu Branham, ngabe bakhona olegiyona abeza kwabalungileyo na?"

IBhayibheli lasho ukuthi iziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise ngakulabo abaMthandayo.

42 Ngoluny'usuku ezansi eDothani, umprofethi omdala wayesezansi lapho ogama lingu-Elisha, noGehazi, inceku yakhe, wavuka ngokunye ukusa, nayo yonke impi yamaSiriya

yayibazungezile, futhi wathi, “Baba wami, sikanisiwe nxazonke, yonke impi yamaSiriya!”

43 Nalowomprofethi omdala evuka epholile nje ngakho konke, eqalaza phezu kwamashumi ezinkulungwane zamasosha, futhi wathi, “Ngani, baningi abanathi kunalabo abanabo.” Nomfo osemncane akakwazanga ukukuqonda lokho. Wathi, “Nkulunkulu, vula amehlo alomfana ukuze abone.” Futhi ngenkathi uNkulunkulu evula amehlo akhe, izintaba zazisemlilweni, izinqola zoMlilo ngakulowomprofethi omdala.

44 NoMoya weNkosi uNkulunkulu ukulendlu kulobubusuku ukukhulula nokunikeza inkululeko, ngokuba uMnqobi onaMandla ulikhokhile inani, namadoda akhululekile ukuba aphulukiswe futhi akhululwe. O, liligugu kangakanani iZwi laKhe kithi! Odeveli wanqotshwa, ukugula kwanqotshwa.

45 Ngobunye ubusuku olwandlekazi olunesiphepho ngenkathi onke amathemba lalingasekho, nesikebhe esincane sase sizocwila, nabafundi babona uJesu eza ehamba phezu kwamanzi, futhi besaba ngoba babecabanga ukuthi Wayengumoya. Lokho akufani yini nje nabantu namhlanje na? WayeyiYonanto kuphela eyayingabasiza, Kwakuyithemba labo kuphela, futhi nokho babeMesaba.

46 Futhi namhlanje (O, ngilaleleni!), ithemba kuphela elikhona namhlanje yinto abantu abayesabayo, leyo ngeyakudala, imvuselelo kaPawulu oNgcwele, noMoya oNgcwele weBhayibheli ubuye futhi. Ungacabangi ukuthi Uzokwenza uziphathe kabi, lowo ngumsebenzi kadeveli ukukugcina wesaba uKristu. Kodwa yiyona nsindiso kuphela esisalele noma yisiphi isizwe, yiNkosi uJesu namandla okuvuka kwaKhe, kodwa abantu bayakwesaba.

47 Kodwa niqaphelile, akunandaba ukuthi babekhuleka kangakanani, ukuthi babehlelwe kahle kangakanani ukudonsa isikebhe sabo, ukuthi babengawuhlela kahle kanjani useyili wabo, ngokuba babengamatilosi nabadobi . . . kodwa ngenkathi uMnqobi onamandla engena esikebheni, imimoya namagagasi kunqamuka masinyane.

48 Into ethize iyaguquka lapho Engena, awusafani neze futhi lapho Engena. Awukaze uzwe noma yini ezothatha indawo yaYo, akukho zinjabulo zezwe, noma lutho, olungake luthathe indawo yoMnqobi onaMandla.

49 Ngikholwa ukuthi i-Alcoholics Anonymous ilungile, kodwa ayisoze yathatha indawo kaJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi odokotela nezibhedlela zikahle, umuthi ulungile, kodwa awusoze wathatha indawo kaJesu Kristu. Ngikholwa ukuthi amabandla namahlelo alungile, kodwa akusoze kwathatha indawo yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, kungeke nje kukwenze, akukho lutho kukho ukukwenza ngakho, ngokuba

amadoda ihlangene emandleni awo uqobo, kuthatha uMoya oNgcwele obusisiwe ukukwenza.

50 Ngenkathi Esemhlabeni, WayenguMnqobi omkhulu, futhi khona-ke Wanqoba enye into ethize, leso kwakuyisiphambano. Nesiphambano kwakungukufa, kwakuyisifanekiso sokubulawa phambi komphakathi.

51 Futhi nango Ehamba, ake siMbuke umzuzwana nje, futhi o, wena, mngane wami, kulobubusuku, wena omi izinyawo zakho zize zibe buhlungu, nina obuhlezi phakathi lapha amahora, ake sibuke: Nango Enyukela eGolgotha, kunomsindo esitaladini, ngiyabezwa abanye babo bethi, "Nanto lolohlanya lwenkolo, nakho kukhuphuka lowo obhidlize amabandla ethu!" Balaleleni.

52 Futhi sengiyaMbona lapho Enyuka igquma, nobuso baKhe obudadlana, obuphaphathekile bonke buvuvukele, nezikhwehlela zokubhuqa zilenga entshebeni yaKhe, umqhele wameva uye wabekwa ekhanda laKhe, neGazi, nezinyembezi ezishisayo zosizi ziconsa ezihlathini zaKhe. Akukhona yini ngandlela thize yokunqoba na?

53 Abesilisa nabesifazane abavumi ukuhlupheka ukuba banqobe, kodwa kungukuhlupheka kuphela onganqoba ngakho.

54 Nango Ehamba, njalo lapho isiphambano sishaya amatshe agandayiwe amadala, amahlombe aKhe amancane ayebuhlungu. Futhi ngiyaqaphela ingubo yaKhe inamabala amancane, abomvu kuyo yonke indawo kuyo, futhi Asho aqhubeke akhuphuke igquma, lawomabala amancane aya ngokuba makhulu, ngokuba makhulu, emva kwesikhashana onke afika kwelilodwa elikhulukazi, ibala elinegazi.

55 Nomthwalo waKhe ushaya emilenzeni yaKhe, nenyosi yokufa isiqalile ukububuza ngakuYe; udosi lokufa Ufanele aluzwe. Futhi ngenkathi leyonyosi iqala ukububuza ngakuYe, Wayazi ukuthi ukufa kwakulele nje ngaphambi kwaKhe, kodwa Ufanele anqobe. Leyo kwakuyinhloso Azalelwa yona, kwakungukunqoba, hhayi ngebhomu le-atomu, kodwa ngempilo enikelwe kuJehova uNkulunkulu.

56 Usho ukhuphukela egqumeni, futhi inyosi ibubuza kakhulu nakakhulu, futhi, ekugcineni, icwilisa udosi lwayo enyameni eyigugu kakhulu eyake yaphila emhlabeni; WayenguNkulunkulu.

57 Lalelani, bangane, lapho inyosi noma isinambuzane esinesitinyeli, uma leyonyosi ike yatinyela ngokujulile ngqo, ikhipha udosi lwayo, futhi ayisakwazi ukutinyela, nhlobo. Futhi yingakho uNkulunkulu wenziwa inyama, uJesu Kristu wayengaphezu komprofethi, WayenguNkulunkulu ebonakaliswe enyameni, nodosi lokufa lwaphumula enyameni yaKhe, futhi Wadonsa udosi ekufeni eKalvari. Ukufa akusenalo

udosi lwekholwa, ngokuba uMnqobi onaMandla wanqoba ukufa eKalvari.

58 Owodwa, iminyaka eyevile emashumini amathathu kamuva, eza ekufeni kwakhe, ophawini wathi, "O kufa, luphi udosi lwakho na? Lukuphi udosi lwakho na?"

59 Wakhipha udosi ekufeni, Wanqoba udosi eKalvari. Malibongwe iGama laKhe eliNgcwele! Wathatha udosi lokufa enzela wena nami ekufeni kwaKhe; futhi ekufeni kwethu, ngeke lusasitinyela, nhlobo.

60 O, angabubuza futhi aqophisane kakhulu, kodwa akanalo udosi. Udosi lwakhe, ngingakhomba eKalvari, futhi ngithi, "Yilapho udosi lwakho lwanqotshwa khona, enyameni yeNkosi uJesu."

61 O, ngiyaMthanda! Lapho Wanqoba ukufa. Wayengakaqedi, badonsa umzimba waKhe omncane unodosi kuwo base bewubeka ethuneni likaJosefa. Kodwa iBhayibheli lasho ukuthi uMphefumulo waKhe wehlela esihogweni, Wayesalokhu edingeka anqobe, futhi Wahamba washumayela emiphefumulweni eyayisekuboshweni, engaphendukanga emihleni kaNowa.

62 Ake wena nami siMlandele imizuzu embalwa. Manje tholani umbono walokho Ayeyikho. SiyaMbona eKalvari enqoba ukufa, nakhu kwehlela uMphefumulo waKhe ezindaweni zabalahliweyo, kwabesilisa nabesifazane. Uvula umnyango walelotilongo elimnyama, futhi kwakukhona amanenekazi amancane amahle azidansela angena endaweni, kwakukhona abashumayeli phakathi lapho abawenqaba uMlayezo kaNkulunkulu, kwakukhona amalunga ebandla, abaphiki-Nkulunkulu, oweZizwe, nomJuda, bonke kulelotilongo, abala ukuzwa uMlayezo womuntu olungileyo.

63 Futhi sengiyaMbona lapho Engqongqotha emnyango, Wayesethi, "NginguYe u-Enoke akhuluma ngaye futhi wathi Ngiyofika, ngiyiNdodana kaNkulunkulu ezalwa yintombi, Ngisanda kufa nje emhlabeni, futhi ngifanele ngifakaze kini ukuthi Ngingukugcwaliseka kwaleloZwi."

64 Akukho-musa owawunganikezwa, neminyango yavalwa, uMphefumulo waKhe wehlela kuwo kanye umgodi ongenamkhawulo wesihogo, futhi nakho kufika ukungqongqotha emnyango, nodeveli uvula umnyango, futhi wathi, "O, nakho lapho Okhona! Ngacabanga ukuthi ngangiKutholile ngenkathi ngibulale u-Abela, ngangiqinisekile ukuthi ngiKutholile ngenkathi ngithola abaprofethi, futhi ngenkathi ngenza ukuba ikhanda likaJohane linqunywe, ngangicishe ngiqiniseke, kodwa ekugcineni Usufikile."

65 SengiyaMuzwa ethi, "Sathane, wenze ukukhohlisa kwakho kokugcina! NginguMnqobi, iGazi laMi lisashisa esiphambanweni saseKalvari. Awusezukubakhohlisa, nhlobo,

Ngehlile ukuba ngithi Ngilikhokhile inani lezono zabo nokugula kwabo, ngokuba umprofethi wathi Ngiyolinyazwa ngenxa yeziphambeko zabo, nangemivimbo yaMi bayophulukiswa. Ngize ukuzokutshela ukuthi wehluliwe empini, isikweletu sesikhokhiwe!" Uthatha izihluthulelo zokufa nesihogo ohlangothini lwakhe, futhi umkhahlela ubuyela esithandweni lapho engowakhona.

66 Kukhona omunye olindile, kukhona indawo ebizwa ngeParadesi lapho abanye abantu babekhona. Futhi babengabantu abafa phansi kokukholwa okuhle, babemthanda uNkulunkulu, kodwa babengenakuya eBukhoneni bukaNkulunkulu, ngoba kwakungaphansi komhlatshelo wesilwane, negazi lesilwane lalingenakuhlawulela igazi lomuntu.

67 Niyabona ukuthi lapho ukuphila kubunjwa, ngumoya engqamuzaneni legazi na? Futhi ngenkathi umkhonzi enikela ngegazi lewundlu nalelongqamuzana lephulwa, kwakwenza nje kuphela endaweni yelaNgempela. Kwase kuthi-ke ngenkathi umkhonzi ebeka izandla zakhe phezu kwewundlu elincane, nomphimbo walo wanqunywa, nezandla zakhe zagezwa ngokubomvu, lapho iwundlu elincane likhahlela, lifa, ekugcineni laqonda futhi lase lingasekho, umkhonzi wabuyela emuva ngqo enesifiso esifanayo sokuphinga, aqambe amanga, ebe, ake aba naso. Ngani na? Ingqamuzana legazi, ngenkathi lephulwa, ukuphila okusengqamuzaneni legazi kwakungukuphila kwesilwane, kungeke kwabuyela empilweni yomuntu.

68 Kodwa ngenkathi iNdodana kaNkulunkulu, ngenkathi lelongqamuzana leGazi lephulwa, uMoya oNgcwele owawukuYe ubuyela phezu komkhonzi, futhi awusekho unembeza wesono, uhlanzwe ngokuphelele futhi wakhululeka.

69 Futhi Wathi, "Sathane, Nginqobile!"

70 Uqhubekela phezulu eParadesi. Ake siMbhekisise umzuzwana, Uzofanele anqobe iParadesi. U-Abrahama, u-Isaka, noJakobe, bayazulazula eParadesi, futhi emva kwesikhashana, ukungqongotha okuxakile kufika emnyango. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] U-Abrahama uvula umnyango, futhi umi emangele, wathi, "Sara, woza lapha umzuzwana nje. Uyazi ukuthi Ubani omi lapho na?"

71 "Ngani," wathi, "Abrahama, nkosi yami, lowo yilowoMuntu ofanayo owenyukela ethendeni ngalolosuku, Owayengifulathele, futhi ngahleka enhliziyweni yami, futhi Waphenduka futhi wangitshela ukuthi ngihlekile."

72 O, he! Cishe ngalesosikhathi nje ilukuluku likaDanyeli alibange lisakwazi ukukumela, ugijimela phambili, ubuka

phezu kwehlombe likaSara, wathi, “Nanto leloTshe engalibona liqheshulwa entabeni kungengazandla.”

73 UHezekeli akabange esakwazi ukukumela, wathi, “Kwenzekani, bazalwane na?” Futhi ubuka phezu kwehlombe likaDanyeli, wathi, “Bazalwane, nanto leloSondo phakathi nesondo engalibona liphenduka phezulu maphakathi nomoya.”

74 Wathi, “Nginqobile. Masiphume, ukunqoba okulandelayo eNgifanele ngikunqobe yithuna. Wozani, hambani naMi, bantwana.”

Sengiyamuzwa u-Abrahama ethi, “Singenza ukuvakasha okusheshayo okuncane na?”

“Yebo, Ngizokhuluma nje nabafundi baMi izinsuku ezingamashumi amane.”

75 Ekuseni ngePhasika Wanqoba uphawu lwamaRoma, Wanqoba ithuna likaJosefa, Wagqashula uphawu futhi wabhubhisa ukubola, futhi Wavuka ngokunqoba.

76 Nangu Enyukela emoyeni nabafundi baKhe, nabangcwele beTestamente eLidala, uqhubekela ngaleya kwenyanga, ngaleya kwezinkanyezi, ngaleya kwezimbulunga nezimbulunga. Futhi emva kwesikhashana bafika ebusweni boMuzi. Ucabanga ukuthi kwenzekani na?

77 Asibuke eBhayibhelini futhi sibone ukuthi kwenzekani. Ngizocaphuna isiprofetho sikaDavide, abangcwele beTestamente eLidala, ngenkathi bebona uMuzi ubonakala, noJesu eNhlokweni yempi emasha eqhubeka, abangcwele beTestamente eLidala bamemeza kakhulu, “Phakamani, nina masango aphakade, futhi niphakanyiswe, futhi makuthi iNkosi yeNkazimulo ingene.” Futhi zonke iziNgelosi ziqala ukubuthana esiqongweni sesakhiwo.

78 Niyazi, bathi ngenkathi uNero esenqobe umuzi ukuthi abantu baquleka, futhi bamemeza kakhulu, futhi bambiza ngonkulunkulu; ngenkathi u-Adolf Hitler eyongena eFransi, wama eKhothamo lokuNqoba, futhi amahora amaningi isibhakabhaka sonke saba mnyama ngamabhanoyi, namasosha amashisa okwehansi; futhi ngenkathi uStalin engena eJalimane emva kokuba iRashiya isinqobile, ukuthi kanjani amashumi ezinkulungwane zamasosha aseRashiya ephambanisa imilenze yawo futhi eshaya isaluthe yokunqoba, njengoba uStalin wama amahora. O, kufanele ukuthi kwakuyinto enkulu!

79 Ngakhuluma esikhathini esingeside esedlule esosheni, lathi, “Billy, emva kokuba kade ngilwa isikhathi eside kangaka, futhi ngenkathi umkhumbi wethu untweza ungena echwebeni laseNew York,” lathi, “Ngangikade ngiphesheya kwezilwandle iminyaka emine, konke engangikubonile kwakuyisihogo nokufa.” Lathi, “Amanye amasosha ayekhubazekile, amanye engenamilenze, amanye engenazingalo, sonke basigingqela

phezulu konqenqema." Lathi, "Ngenkathi ngibone isiThombe seNkululeko simi lapho, futhi ngangazi ukuthi ngangingena ngaphansi kwekhwapha lakhe, ngemuva nje kwalapho kwakukhona yonke into ebithandeka kimi: umama wami, nobaba wami, umkami, abantwana bami," lathi, "amasosha awela onqenqemeni ekhala izinyembezi."

80 Futhi uma kuzokwenza umuntu oneminyaka emine yempi aziphathe kanjalo ukuba abuyele ekhaya, bekuyoba njani lapho singena ngaphansi kwesiphambano esidala esimahhadlahhadla, lapho impi yokugcina isilwiwe, futhi sesinqobile na? O, kuyoba yisikhathi esinjani pho!

81 Futhi lapho bempompoloza emuva kubo, "Ingubani leNkosi yeNkazimulo na?"

82 Nabangcwele beTestamente eLidala bamemeza kakhulu, "INkosi yamabandla, enamandla empini." Niyawazi umBhalo. INgelosi enkulu, uGabriyeli, ufanele ukuthi wacindezela inkinobho, leyominyango emikhulukazi yagoqekela emuva, khona impela ngaphansi kwekhothamo lesiphambano esidala esimahhadlahhadla kwahamba uJesu namabutho eTestamente eLidala, behla ngqo bedabula ezitaladini zaseJerusalema bahamba neziNgelosi becula futhi bememeza kakhulu (Ikhaya elemukela kanje pho!), ezansi ngqo esiHlalweni sobukhosi esiMhlophe esiKhulu, futhi Wathi, "Baba, laba yilabo abakholwa nguWe. Nginqobe kokubili ukufa, isihogo, nethuna."

83 Futhi sengiyamuzwa uBaba ethi, "Hlala esiHlalweni saMi sobukhosi lapha, Ndodana, ngize Ngenze isitha sokugcina isenabelo sezinyawo zaKho." NoJesu wakhwela ngakwesokunene sikaNkulunkulu waseZulwini esiHlalweni saKhe sobukhosi kweliPhezulu. Nango Emile kulobubusuku. Emahoreni ambalwa edlule:

> Bhekani! Bhekani uMuntu wosizi,
> Bhekani! Futhi bhekani Yena ohlezi obala,
> Kodwa nangu Emile uMnqobi onamandla,
> Selokhu Adabula iveli laba kabili.

84 Waphenya ikhethini ukuze sikwazi ukubuka sedlule ikhethini lesikhathi, Waphenya konke ukukhohlisa udeveli ayenakho, wakhokha ngokugcwele inani, futhi kulobubusuku UnguMnqobi. NeBhayibheli lasho ukuthi singaphezu kwabanqobi ngaYe Owasithandayo. Ngakho umKristu phakathi lapha kulobubusuku unento ngaphansi kokulawula, sinqobe isono, sinqobe ukufa, sinqobe isihogo, sinqobe ithuna, sinqobe ukugula, ngoba uJesu unguMnqobi wethu onaMandla.

85 LeliZwi lingukuXolelwa, leliZwi lalotshelwa ukuXolelwa. Ukwazi ukuthi UnguMnqobi onaMandla ngukuxolelwa kini nonke, uma nikwemukela njengokuxolelwa.

86 Esikhathini esithile esedlule, kwakukhona indoda eyayizodutshulwa, yayenze icala kwezempi, futhi yayigwetshelwe ukuba ife. Nomunye umngane olungileyo waya ku-Abraham Lincoln owayengumongameli wase-United States ngesikhathi, futhi wanxusa umusa ngomngane wakhe. NoMnu. Lincoln, kungukuthi nokho ejahile, wadumela isiqephu sephepha nosiba, futhi wabhala, "Mina, Abraham Lincoln, ngiyayixolela lendoda." Nendoda yambonga futhi yaphuthuma yabuyela etilongweni.

87 Yathi, "O, angikukholwa lokho. Lokho akubukeki nje kulungile, kufanele kungene kokunye okukhulu, into egqamile, kufanele kufike nezimpawu ezinkulu zegolide kukho. Angikholwa ukuthi kungukuxolelwa." Futhi akakwazanga ukuyincenga ukuba ikukholwe. Ayikukholwanga.

88 Futhi ngakusasa ekuseni yafa ngaphansi kweqembu labadubuli. Futhi khona-ke nansi indoda efile, negama likamongameli lisayiniwe ephepheni ngayizolo ukuthi yayixolelwe. Lokho kwathethwa ezinkantolo zenhlangano yamazwe, futhi nasi isinqumo okwabayiso: Ukuxolelwa akusikho ukuxolelwa, ngaphandle uma kwemukelwa njengokuxolelwa.

89 NoMoya oNgcwele, Ungahle ungafiki ezindaweni ezigqamile, Ungahle ungafiki ngamahlelo amakhulu, Ungahle ungafiki ngabashumayeli abaqeqeshwe kahle nabaphucukile, kodwa KungukuXolelwa. Yinsindiso eyinkululeko esonweni, YiThikithi lokuya eZulwini, Kungukuphulukiswa kwabagulayo kulabo abazoKwemukela njengokuXolelwa.

90 Manje, uma ningakaze nikwenze lokho, ngifuna nicabange ngakho imizuzwana embalwa elandelayo sisakhothamisa amakhanda ethu, ngenhlonipho yokuzithoba, eBukhoneni bukaNkulunkulu.

91 Ngabe nina, bangane bami abadidekile, anikaze ninambithe ukulunga kweNkosi kini na? Anazi yini ukuthi akulutho eningalwenza kini na? Uma insindiso ifika ngemisebenzi, khona-ke uJesu wafela ize.

92 Ungahle ube ngowebandla elihle kunawo onke kwelikhona e-Ohio futhi ube ulokhu ukude kakhulu nje noNkulunkulu, njengoba lesosidakwa silele sanqamula kwiphansi ebhareni, isoni senkolo nje. Futhi yini igama *isono* na? Ukungakholwa. "Ongakholwa uselahliwe vele."

93 Ungahle ume ngqo ebusweni bukaMoya oNgcwele, futhi uthi, "Yisigejane sabagingqiki abangcwele. O, uma kwakuyinoma yini kaNkulunkulu, yayiyofika ngeKatolika, noma iPresbyterian, noma amaMethodisti, noma amaBaptisti, noma ihlelo elithize elikhulu." Kulungile. Kungukuxolelwa nokuphulukiswa kwakho uma ufuna ukuKukholwa, Kuthunyelwe nguNkulunkulu uBaba. NoSathane uphucwe

onke amandla ake aba nawo, onke angawakho kulobubusuku. UngeWemukele na?

94 Manje, asinandawo lapha yokubizela e-altare, kodwa ngingathanda ukwazi, ezinhliziyweni zenu, nawo onke amakhanda ekhotheme, nawo onke amehlo evaliwe, ngenkathi amaKristu esakhuleka, nina enaziyo ukuthi anilungisene noNkulunkulu, ungasiphakamisa isandla sakho kuNkulunkulu na? Ngokwenza njalo uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, manje ngifuna Ungixolele. Futhi ngiyaKwemukela njengoMnqobi wempilo yami uqobo, izono zami, nokungalaleli kwami."

95 UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane. Busiswa, mfo osemncane. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, mnumzane. Omunye futhi kwiphansi eliphansi na? Emuva le, yebo, abaningi benu emuva lapho, izandla eziyisishiyagalombili noma eziyishumi. Ngapha ngakwesokunxele, yebo, uNkulunkulu akubusise lapha, mnumzane, wena ngapha. Emuva le ngemuva futhi, yebo.

96 Kuvulandi osesitezi, uvulandi osesitezi wokuqala ngakwesokunxele sami, bangaki phakathi lapho abebengathi, "Mfowethu Branham, ngiyazi ukuthi nginephutha, awu, ngisalithanda izwe njengoba nje ngangilokhu ngilithanda, ngisazithanda izinto zezwe"?

Khona-ke iBhayibheli lathi, mngane wami, "Uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kuwe."

"Kodwa, Mfowethu Branham, ngingowebandla."

Lokho akunandaba. USathane wakwenza, naye, ibandla elikhulu kunawo onke elalikhona.

97 UJuda wayengowenhlangano yangempela, ibandla langempela, wayengumphathisikhwama ebandleni leNkosi uJesu Kristu, kodwa inhliziyo yakhe yayingalungisene noNkulunkulu. Kungani engazivumanga izono zakhe na? Ngoba uSathane wamnqoba.

98 Ngabe ukuleso simo kulobubusuku, mngane wami obuthakathaka na? Ungasiphakamisa nje isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi"? Ovulande abasesitezi ngakwesokunxele sami, uNkulunkulu akubusise. Phezulu le, kuvulandi osesitezi ophezulu, uNkulunkulu anibusise nonke ngalapho, kunjalo. Phakamisani izandla zenu nje, nibone ukuthi mehluko muni, nguNkulunkulu ekhuluma kini. Ninga—ningawuxoshi uMoya waKhe. UNkulunkulu anibusise, kunjalo, abanye abangamashumi amathathu noma amashumi amane phezulu lapho.

99 Ovulandi abasesitezi ngemuva, bobabili ovulandi abasesitezi abangaphansi nabangaphezulu, ningaziphakamisa nje izandla zenu, ngenkathi wonke umuntu esakhuleka na? Uthi,

"Nkulunkulu, yiba nomusa." UNkulunkulu akubusise. Kunjalo. Phezulu le, kunjalo. UNkulunkulu uyasibona isandla sakho emuva le lapho emathunzini ngisho.

100 Kulungile, ovulandi abasesitezi ngakwesokudla lapha, kokubili ngaphezulu nangaphansi, ningaziphakamisa izandla zenu bese nithi, "Nkulunkulu, yiba nomusa"? UNkulunkulu akubusise khona phezulu lapha. Kunjalo. UNkulunkulu abusise ngapha, bonke phansi naphezulu ohlwini lapho. "Ngiyazi angilungile, Mfowethu Branham, noNkulunkulu uyayazi inhliziyo yami, angilungile, ngakho ngicela uNkulunkulu ukuba abe nomusa kimi."

101 Nimi eminyango emikhulu naphandle ezikhaleni zezihlalo emuva ngemuva, ningaziphakamisa izandla zenu, bese nithi . . .? UNkulunkulu akubusise, lokho kuhle. Kunjalo. Ngaphandle le, uNkulunkulu uzonibona, ngisho nangaphandle kwesakhiwo Uzonibona, akudingekile ukuthi ngikwenze, kodwa Uzokwenza. "Manje ngemukela ukuxolelwa kwami."

102 Wena uthi, "Mfowethu Branham, kungisiza ngani ukuphakamisa isandla sami na?"

103 O, mngane wami, lenkolo yeNkosi uJesu ithathwe kancane kakhulu, uma ngempela ubukuqondile lokho ngokusuka enhliziyweni yakho, wedlulile khona manje ekufeni waya ekuPhileni.

104 Ake nginicaphunele umBhalo: UJesu wathi, "Ozwa amaZwi aMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade, futhi akayikuya ekwaHlulelweni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni." Kuqonde lokho-ke.

105 Bangabakhona abanye futhi ongaphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Yebo, omunye ongakakwenzi okwamanje. UNkulunkulu akubusise phezulu lapho kuvulandi osesitezi futhi. Lokho kuhle. "Yiba nomusa kimi, Nkulunkulu, manje ngemukela uKristu, UnguMnqobi. Angikwazi ukukwenza, nginemikhuba nezinto engingeke ngikwazi ukuzinqoba, kodwa ngilindele Yena ukuba angenzele khona manje." Uzokwenza, Mnike ithuba nje. Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise emuva le. Kunjalo. Owokuqala, owesibili, owesithathu, owesine, emuva lapho futhi.

106 Bangaki phakathi lapha o, ngempela, wemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nawe, kodwa awukaze ukwazi ukunqoba inyama na? Ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi"? Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. O, yebo. Amaqoqo ezandla ndawo zonke, uNkulunkulu uzobona wonke umuntu. Uma Azi umzwilili owela olwandle, Wazi kakhulu kangakanani ukuthi uphakamisa isandla sakho na?

107 Bangaki ongakamemukeli uMoya oNgcwele, namanje, futhi ongathanda ukuMemukela kulobubusuku, ungasiphakamisa isandla sakho kuYe, uthi, “Nkulunkulu, yiba nomusa kimi”? Yebo, amakhulu ndawo zonke.

Manje asikhuleke.

108 Nkulunkulu onomusa, manje ngiletha kuWe eBukhoneni beziNgelosi zikaNkulunkulu nalesisixuku, ngokwangempela izinkulungwane zezandla esidingayo kulobubusuku, abaningi babo bemukela uKristu okwesikhathi sabo sokuqala. Abaningi balabo abajoyine ibandla, kodwa abakaze bakwazi ukunqoba noma babethele inyama, futhi bedinga umbhaphathizo kaMoya, abaningi balapha. Ngiyakhuleka Nkulunkulu, ukuthi Uzohlinzeka konke abakudingayo. Ngiyinceku yaKho nje, futhi ngibanikela kuWe manje, Nkosi. Ubazi bonke, bathethelele izono zabo, bagcwalise ngoMoya waKho.

109 Futhi manje kwangathi amehlo abo ayigugu angavuleka ukuba abheke uMuntu wosizi, aMbheke obala. Manje UnguMnqobi onamandla! Unqobe iminyaka. Unqobe ukufa futhi usaphila, futhi uzoba njalo ingunaphakade. Kwangathi bangaMbona emandleni okuvuka kwaKhe emi lapho ekhazimula ebuKhosini baKhe, njengoba Enza eGalile. Kwangathi Angenza futhi enze izinto Azenza eminyakeni emininingi edlule.

110 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, Mqalisi wokuPhila okuPhakade, noMnikezeli wazo zonke izipho ezinhle, thumela kithi kulobubusuku kulonyaka ofayo nalesisizwe esifayo, kanye nje nokuphefumula okumbalwa okusele, nika lababantwana, kulobubusuku, iSinkwa sokuPhila ukuze babone ukuthi Usaphila, futhi usenguMnqobi onaMandla. Siphe khona, Nkosi.

111 Futhi manje, bayizithelo zomlayezo, futhi Ubanika iNdodana yaKho njengeziphiwo zothando, akekho ongabahlwitha esandleni saKho. Kwangathi bangathola ibandla elihle, babhaphathizwe ngombhaphathizo wamaKristu, bese kuthi-ke kwangathi bangaphila ngokwethembeka kuWe, baze babhekane naWe ngaleya ekuFikeni okukhulu kukaKristu. Siphe khona, Baba, bangabaKho manje. EGameni leNdodana yaKho, iNkosi uJesu. Amen.

112 *Ng'yaMthanda*. Lyle, nyusa.

> Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
> Ngoba Wang'thanda kuqala
> Wang'thengel'insindiso
> Emthini waseKalvari.

113 O, lokho akwenzi yini okuthize kuwe na? Asikwenze futhi, siphakamise izandla zethu, wonke umuntu manje, wonke umuntu.

Ng'ya . . . (Bukani lokho!)
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

114 Amakhanda ethu ekhotheme manje, sonke kanye kanye emkhulekweni oyisibonelo:

Baba wethu oseZulwini, malingcweliswe iGama laKho.
Mawufike umbuso waKho. Mayenziwe intando yaKho emhlabeni, njengaseZulwini.
Siphe namuhla isinkwa sethu semihla ngemihla.
Futhi usithethelele iziphambeko zethu, njengalokhu nathi sibathethelela abasonayo.
Ungasingenisi ekulingweni, kepha usikhulule kokubi:
Ngokuba umbuso ungowakho, namandla, nenkazimulo, kuze kube-phakade. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

115 . . . NGINGUYE, leyoNsika yoMlilo eyayisesihlahleni esivuthayo. Futhi uma Evela kuLeyo futhi wabuyela kuLeyo, uvela kuNkulunkulu ebonakaliswe enyameni ukunqoba ukufa enyameni, khona-ke Wabuyela kuNkulunkulu, Uyobuya eyiNsika yoMlilo. Bangaki okwaziyo lokho na? Ngabe kufakazelwe yiBhayibheli na?

116 Ngenkathi uPawulu esendleleni yakhe ebheke eDamaseku, yini Eyamvala amehlo akhe na? UkuKhanya okwakhanya njengelanga emandleni alo. Bangaki okwaziyo lokho na? NoPawulu wayengazi ukuthi KwakunguBani, wathi, "UnguBani na?"

117 Wathini na? "NginguJesu." Kunjalo na? Khona-ke Unguye izolo, namuhla, naphakade.

118 "Wazi kanjani, Mfowethu Branham, ukuthi uzoqiniseka kakhulu ngalokho na?"

119 Uma Lowo bekuyoba nguMoya, esaziyo ukuthi Yiwo, Yiwo kimi, uma Lowo kunguMoya, Uyoveza ukuPhila kukaKristu. Uma ungakwenzi, khona-ke akusikho ukuPhila kukaKristu. Kwenza uJesu abenguye izolo, namuhla . . . Bangaki owaziyo ukuthi uJesu wathi, "Angenzi lutho, aze uBaba aNgikhombise kuqala"?

120 Woza, nenekazi.

121 Manje, nina phandle lapho ezethamelini ongenalo ikhadi lomkhuleko, nizokhuleka khona manje futhi nikholwe na? Bangaki khona lapho owaziyo ukuthi iBhayibheli lathi, iTestamente eLisha, ukuthi uJesu Kristu ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Kulungile. Uma Enza

lokho, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, ngenkathi Enza izolo owesifazane wathinta ingubo yaKhe, futhi Waphenduka, wathi, "Ubani," umbuzo, "ubani oNgithintile na?" Futhi akekho owasho noma yini. Kodwa uJesu wamthola futhi wamtshela inkathazo yakhe, futhi wathi ukukholwa kwakhe kwakumsindisile. Ngabe kunjalo na? Usenguye namhlanje, umPristi oMkhulu; Uzofanele enze ngokufanayo uma Esenguye. Khona-ke khulekani. Nonke nina phandle lapho hlalani nithule, hloniphani ngokuzithoba.

122 Manje nangu owesifazane omncane othi akabe neminyaka kamama wami, ngiyacabanga, futhi ngokwazi kwami, angikaze ngilibone lelinenekazi elincane empilweni yami. Ngabe siyizihambi komunye nomunye, nenekazi na? Siyizo. Siyizihambi.

123 Manje, lesi yisithombe futhi sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane behlangana okokuqala. Manje, uma leliBhayibheli liyiZwi likaNkulunkulu elithi, "UJesu unguye izolo naphakade," Wathi, "Izinto eNgizenzayo nani niyakuzenza," futhi Wazimemezela Yena uqobo kumaJuda ngokutshela uFiliphu ukuthi wayekuphi uNathanayeli, noma, uNathanayeli lapho ayekhona ngaphansi komuthi ngenkathi uFiliphu embiza, Wakumemezela kuPetru ngokwazi ukuthi wayengubani, nokuthi igama lakhe lalingubani, nokuthi igama likayise lalingubani, Wakumemezela kowesifazane emthonjeni ngokumtshela, wayengumSamariya, ngokumtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu, futhi wangena emzini, wayesethi, "Lesi akusona yini i—isibonakaliso sikaKristu na?" kodwa Akazange akwenze koweZizwe, akakaze nakanye. Ngani na? Indebe yabeZizwe yobubi yayingakagcwaliswa okwamanje. Manje yisikhathi sabeZizwe.

124 Uma Azazisa Yena uqobo kubo bobabili umJuda nomSamariya ngaleyondlela, Uzofanele enze okufanayo koweZizwe, kungenjalo Akafani. Manje khumbulani, khona-ke lokho kuseBukhoneni bukaKristu. Hloniphani ngokuzithoba, khulekani. UNkulunkulu anibusise manje.

125 Manje, nina enisemgqeni womkhuleko lapha, ngamunye wenu oyisihambi kimi, phakamisa isandla sakho ukuthi angikwazi, emgqeni womkhuleko. Kulungile. Futhi phandle lapho yiba semkhulekweni nje, kholwa.

126 Baba waseZulwini, yonke inkonzo manje izofanele ithwalwe ngamandla aKho obuNkulunkulu. Inceku yakho ayikwazi ukusho lutho phakathi kwayo, kodwa ngethembele eMoyeni waKho, Nkosi, njengoba lababantu eWemukelile kulobubusuku.

127 Lezizingane ezincane lapha, zisanda kuzalwa eMbusweni, amadazini azo, mazazi ukuthi Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo futhi Awufile, Wanqoba ukufa. UnguMnqobi onamandla osalokhu emile phakathi kwethu,

onguye izolo, namuhla, naphakade. Akukho-mbuso, akukho Kesari, akukho Hitler, akukho Napoleon, akukho namunye wabo ongama, banqoba ngendlela ye—yesono, futhi bafa futhi babhubha. Kodwa Wanqoba ngokulunga, futhi Wanqoba ukufa ukuba uphile phakade. Ngoba Uyaphila, siyaphila, nathi.

128 Siphe lesisiqiniseko kulobubusuku, Nkosi, ukuthi UnguMnqobi oMkhulu nonaMandla, ngokuphila emva kwaleminyaka eyizinkulungwane ezimbili, ukuba ube usalokhu ufana ukwenza okufanayo, ukwenza okufanayo njengoba Wake wenza.

129 Ngizinikela kuWe, futhi ngithathe wonke umoya ophakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

130 Uma iNkosi uNkulunkulu wethu, dadewethu, ezokwembula kimi ukuthi yini oyizele lapha, noma into ethize owaziyo ukuthi angiyazi, lokho bekungakwenza ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, ukuthi uyokwemukela okucelayo na? Manje, ubungaba noma ubani. Ngi . . . Uma Ekutshela into ethize owaziyo ukuthi angazi lutho ngayo . . . Kusobala angikwazi, ngakho bengingeke ngazi lutho. Uma bengingathi, "Uyagula," lokho bekuyoba ukuqagela, bekungaba njalo. Bese kuthi-ke uma ngibeka isandla sami phezu kwakho, futhi ngithi, "Uzosinda," uzofanele uthathe izwi lami. Kodwa uma Ekutshela lokho obuyikho, noma ukuthi yini engalungile kokwakho . . . khona-ke uzokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha, lokho bekuyoba nguYe. Futhi uma Azi ukuthi bekuyini, Wazi kakhulu kangakanani ukuthi kuzoba yini na? Niyabo? Khona-ke kungaphambili kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza.

131 Nkulunkulu yala ukuthi bengizoma lapha kulomsamo, njengokuzisho ukuthi ngiyinceku kaKristu, kunoma yini enye, kodwa into nje ebiyokusiza. Futhi into kuphela ebengingakusiza ngayo, bekuyofanele kuze ngaYe.

132 Manje, uma izethameli zisalizwa iphimbo lami emva kokukhuluma nowesifazane, ubonakala esuka kimi. Futhi ukhathalele ngokujulile entweni ethize, uyagula, uphatheke kabi ngesimo sokwethuka. Manje-ke, futhi, unenkathazo esifubeni sakhe, njengamalumbo aqinile esifubeni sakhe. Kodwa ngiyambona eguqe ngamadolo akhe, futhi useduze nesihlalo esidala, futhi nakhu akushoyo . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] "Nkosi, Uzongipha uMoya oNgcwele na?" Ufuna umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiqiniso. Phakamisa izandla zakho kulokho kuyiqiniso. Ubani owaziyo ukuthi uyini nokuthi yini oyifisayo ngaphandle kukaNkulunkulu yedwa na? Uyakholwa ukuthi uzakwemukela lokho okucelile na? Asikhuleke.

133 Nkulunkulu othandekayo, njengoba ngibona ezakhe ezincane, izandla ezibuthakathaka ziphakama emoyeni,

ngikhulekela ukuthi Uzoba nesihawu kuye futhi uzomnika lezozinto azifisayo. EGameni leNkosi uJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

134 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Yemukela manje (Uzokwenza.) lokho okucelile.

135 Ngicabanga ukuthi thina siyizihambi komunye nomunye, wena nami. Ukuhlangana kwethu kokuqala, kodwa iNkosi uNkulunkulu isazi sobabili. Thina, wena nami, sizoma ngolunye usuku esiHlalweni sokwaHlulela sikaKristu, sinikeza impendulo ngempilo yethu. Uyakwazi lokho, awunjalo na? UngumKristu, ngoba umoya wakho ubonakala wemukelekile. Futhi uhlushwa yisimo sokwethuka. Kunjalo. Futhi ngiyakubona uzama ukushiya igumbi, noma isinyathelo, futhi uyehla kalula, yisifo samathambo, unesifo samathambo.

136 Futhi lapho othile ulokhu ebonakala kimi, ngumuntu osekhulile, onokwethuka ngempela, ngumama wakho, futhi unokwethuka ngokwedlulele, futhi unenkathazo yenhliziyo. Futhi kubonakala sengathi ngingabona umfula noma okuthize. O, useduze kwedolobha elibizwa ngeCovington, noma eKentucky, ndawondawo phakathi lapho akade ekhona. INkosi uNkulunkulu ikuphe isifiso senhliziyo yakho. Manje, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze, futhi uzokwemukela khona impela nje okucelile.

137 Uyayikholwa iNkosi uNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi Uyakwazi ukukunika izinto ozicelayo na? Umele omunye umuntu, lowo omunye umuntu uyafa. Futhi ngomunye, ngibona abantwana ababili abancane, ngamantombazanyana, o, ngudadewenu, udadewenu ommeleyo, wawuvame ukudlala naye, nibambe izandla bese neqa ndawonye. Kunjalo. Khona-ke ngibona i . . . Awusho, usesibhedlela lapha, futhi usibekelwe ngukufa, ukufa okuphindwe kabili: Usibekelwe ukufa ngokomzimba ngokuhlinzwa komdlavuza asanda kuba nawo, futhi akasindisiwe. Udinga uKristu njengoMsindisi wakhe. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokupha khona, izinto ozicelayo na? Asikhuleke.

138 O Jehova oPhakade nonoMusa, yipha lona wesifazane izinto azicelile. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi izibusiso zaKho zingaphumula phezu kwakhe kakhulu. EGameni likaJesu. Amen.

139 UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

Niyakholwa na? Yibani nokukholwa kuNkulunkulu.

140 Inganyana, qhabo, Kuphezu komhlane wakhe nje, yindoda ehlezi khona lapho kuloluhlu olungaphambili, ikhuleka, ihlushwa umfutho wegazi ophakeme. Indoda egqoke isudu empunga, kuthi ukuba wuthayi omncane, ubukhuleka, mnumzane, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza mina ngikhulume kuwe. Uma lokho kunjalo, sukuma ume ngezinyawo zakho.

Kulungile. Umfutho wakho wegazi ophakeme usukushiyile, usuphulukisiwe manje, hamba ngendlela yakho futhi uphile.

141 A—angiyazi indoda, angikaze ngiyibone. Uma siyizihambi, sukuma ume ngezinyawo zakho futhi, mnumzane, uma siyizihambi. Angikwazi, uma lokho kunjalo vayizelisa isandla sakho *kanje*. Uthinte Into ethize. Uthinteni na? UmPristi oMkhulu. Qhubeka manje, usuphilile, ukukholwa kwakho kukusindisile.

"Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Yiba nokukholwa nje.

142 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyabona. Lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana. INkosi uNkulunkulu isazi sobabili.

143 Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba ngempela. O, akuthandeki na? Akusikho...? O, angikwazi ukukuzwakalisa! Ukuba seBukhoneni beNkosi uJesu! Ukucabanga ukuthi u-Alfa no-Omega ukhona, iNkanyezi yoKusa, uMnqobi onaMandla! "Uma ukholwa!"

144 Uphethwe yinkathazo yamanenekazi, lokho ngukungahambi kahle kwabesifazane, futhi kukubangele ukuba ube nokwethuka ngempela. Lolohlelo lwenenekazi yithumba, lisendlaleni yabesifazane. Awuveli kulelidolobha, usedolobheni eduze komfula obanzi, leyo yiCincinnati.

145 Kunomunye umuntu lapho omkhathalele kakhulu, obumkhulekela, lowo ngumntwana. Yingane encane enokuthize okungalungile ngephaseji lokudla, ihlinziwe. Naleyongane ingeyesihlobo sakho, umzala. Umzali womntwana uyakhuleka, naye, kodwa abakhuleki njengawe, baphethe ubuhlalu ezandleni zabo, bangamaKatolika. Nks. Judy Braun, wena—wena buyela emuva, lelo yigama lakho, buyela eCincinnati futhi wemukele lokho okucelile, eGameni leNkosi uJesu Kristu.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

146 Siyizihambi komunye nomunye, ngiyethemba.

147 "Uma ukholwa, manje, konke kuyenzeka." Hloniphani ngokuzithoba.

148 Inenekazi elihlezi khona lapha, likhuleka, linenkathazo yesisu, uyakholwa ukuthi iNkosi uNkulunkulu izokusindisa, nenekazi na? Lowo ngumyeni wakho emva kwakho ngqo, ukhulekela indoda ekhubazekile. Uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho ukuthi uzokwemukela lokho okucelile na? Uma uzokukholwa naye, mnumzane, khona-ke ungaba nakho okucelayo.

149 Inenekazi emva kwakho ngqo, futhi, likhulekela i, o, linesifo sikashukela elifuna ukuphulukiswa kuso. Uyakholwa ukuthi iNkosi izokusindisa na? Inenekazi eligqoke encane, ingubo eyisikoshi, phakamisa isandla sakho siphakame ukuze abantu

babone. Kulungile, ungaya ekhaya kulobubusuku, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, yemukela lokho okucelile.

150 Uthinteni wena na? Uqhele kude le kimi, amafidi angamashumi amathathu noma amashumi amane, kodwa uthinte umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.

151 "Uma ukholwa, konke kuyenzeka." Ngikuphosela inselelo ukuba ukholwe!

152 Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye. Ngifanele nje ngilandele lokho kuKhanya ngendlela Okuhamba ngayo, ngiyaxolisa ukunishiya nimi lapho, kodwa nje ngifanele ngiKulandele. Niyabo? Ngumuntu othize laphaya okhulekayo. O, bekungenzekani uma nje bebengakholwa ngesikhathi esisodwa na?

153 Manje, inenekazi elilele lapha likhubazekile. Liza phambi kwami. Uma nje ubuyokholwa ngokwenele, nenekazi, ubungavuka kulolohlaka futhi uye ekhaya. Uyabo? Ngakho yiba nokukholwa manje. Kulokhu nje kuba mnyama, kuba mnyama, kuba mnyama. Ungakwenzi lokho, gcina . . . makuKhanye.

154 Uma iNkosi uNkulunkulu izongitshela ukuthi yini oyizele lapha, ubungakukholwa na? Uzokwazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, khona-ke uyazi ukuthi Into ethize engaphezu kwemvelo izofanele ingitshele. Ubungakholwa njengoba kwenza abaFarisi, ukuthi kwakunguBelzabule na? Khona-ke ubuyothola umvuzo wakhe. Uma ukholwa ukuthi KwakunguKristu, uthola umvuzo kaKristu. Kodwa lokho bekuyo, kusobala, kube kuwe. Awusuye owakulelidolobha, ungowaseHamilton. Kunjalo. Unenkathazo yamanenekazi, leso yisizalo esinezilonda ngaphakathi. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi ungubani, ngabe lokho bekuzokwenza nje uthokoze na? Patty Bratt. Kunjalo. Buyela endleleni yakho manje futhi uthokoze futhi ujabule. Ungangabazi, kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

Uyakholwa na?

155 Uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula ukuthi iyini inkathazo yakho, uyakukholwa na? Unokwethuka, futhi unenkathazo ngamehlo akho, ayavaleka, ephuphutheka. Futhi ukuze wazi ukuthi ngiyinceku yeNkosi uNkulunkulu: Unesimila emzimbeni wakho esifihlakele kimi, yisimila ehlombe lakho langakwesokunxele. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Manje hamba futhi ukholwe, uzakwemukela. Amen.

156 Beka isandla sakho kwesami, nenekazi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, ubungangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Yiqolo lakho. Hamba ngendlela yakho manje, inkathazo yakho yeqolo isihambile. Amen.

"Uma ukholwa!"

157 Uyakholwa, nenekazi na? Uma uNkulunkulu ezokwembula inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Inhliziyo yakho. Hamba ngendlela yakho uthokoza, uphiliswe.

158 Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi yini inkathazo yakho, uzokholwa, dadewethu na? Uyakhwehlela, isimo sesifuba somoya. Hamba ngendlela yakho futhi uphile.

159 Uyakholwa, nenekazi na? Uma uNkulunkulu ezokwembula ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Khona-ke umdlavuza awusoze wakubulala, futhi uzophila. Uyakukholwa na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

160 Inkathazo yenhliziyo ikushiyile ngenkathi usahlezi esihlalweni. Qhubeka nje uhamba futhi uthokoza, ujabule.

161 Isifo samathambo sizohamba uma wena uma nje uzoqhubeka uthokoza, uMkholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

162 Uyakholwa na? Umzuzwana nje. Yiba nokukholwa manje. Kukhona okwenzekile khona lapha ezethamelini. "Uma ukholwa!" Kukhona okwenzekile. Ngine. . . Ngiyacela ningacabangi ukuthi lokhu kungukulingisa, kodwa nje ubuthakathaka bungimbozile ngokukhulu ukushesha, futhi kukhona okwenzekile. Ngiqinisekile.

163 Inenekazi elincane elihlezi lapha lingibuka, yebo, memu, unesibhono, unemihlume. Kunjalo impela. Ububuka futhi ukholwa. Sukuma umzuzu nje. Ngabe ngiyisihambi kuwe na? Angikwazi na? Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kodwa ubukhuleka.

164 Yini leyo ekubukayo ngqo, intombazanyana na? Eyakho na? Ungibukile. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Ufuna umkhuleko walowomntwana, futhi. Uma uNkulunkulu ezongembulela ukuthi yini engalungile ngomntwana, ubungangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Umntwana omncane empeleni uhlushwa yisimo sokwethuka. Ngizokutshela ukuthi wenza kanjani: ngiyakubona uzama ukumphoqa ukuba adle, akafuni ukudla, futhi ulokhu umnika zonke izinhlobo zemithi yokuqinisa umzimba nezinto ukuba umenze adle. Ngabe kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Beka isandla sakho phezu kwakhe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, futhi lowo ngumuthi wokuqinisa umzimba omkhulu kunawo wonke ake awuthatha, uzodla kusukela manje kuqhubeke, eGameni leNkosi uJesu.

165 Nenekazi, akuxakile na? Ngenkathi ngisho ngalowomntwana edla, ube nomuzwa oxakile ngempela wedlula phezu kwakho ngenkathi ngisho ngomntwana, ngoba ubunenkathazo yesisu. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma

lokho kunjalo. Esakho sesihambile, naso, ukuze nobabili niye ekhaya futhi nisinde.

166 Niyakholwa na? Nonke niyakholwa na? Manje, kuthiwani ngakho laphaya na? Kuthiwani ngawe lapha okuloluhlaka lombhede, uhlaka na? Bangaki kini ngalapha ofuna ukukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngabe—ngabe UsenguMnqobi onaMandla na? Ngabe Uyaphila kulobubusuku, onguyena izolo, namuhla, naphakade na? Manje, nonke ningaphezu kwabanqobi kuYe. Niyakukholwa na? Khona-ke bekani izandla zenu phezu komunye nomunye futhi nikhulekelane futhi nizobona inkazimulo kaNkulunkulu.

167 Abanye benu bashumayeli hambani niye laphaya futhi nikhulekele imibhede eyizinhlaka khona laphaya. Hamba ubeke izandla zakho emibhedeni eyizinhlaka futhi ukhuleke. Yilokho-ke.

168 O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, eGameni leNkosi uJesu, sikhuza onke amandla kadeveli.

169 Phuma, Sathane, unqotshiwe, uMnqobi onaMandla ukunqobile! Ubhaxabuliwe futhi . . .

